SS 1

Isihloko sesifundo: UJesu ubonakala kwabesifazane ethuneni

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UJesu ubonakala kwabesifazane ethuneni**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le-**SS 1.** 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we-**SS 1** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se-**SS 1** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.

Isifundo

Isihloko	UJesu ubonakala kwabesifazane ethuneni
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaMathewu 28: 5-10 noMarku 16: 1-10
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi uJesu uyaphila, yize umzimba waKhe wobuntu kwakufanele ufe.

Isifundo esifingqiwe:

- Ngemuva kokuphela kweSabatha, uMariya Magdalena, uMariya unina kaJakobe noSalome bathenga amakha ukuze bagcobe isidumbu sikaJesu. Ekuseni kakhulu ngeSonto, kusesemnyama impela, baya ethuneni okwakubekwe kulo isidumbu sikaJesu.
- Ngokushesha kwaba nokuzamazama komhlaba okukhulu, ingelosi yeNkosi yehla ezulwini, yagingqa itshe, yahlala phezu kwalo. Ukubukeka kwayo kwakunjengombani futhi izingubo zayo zazimhlophe njengeqhwa. Onogada besaba kakhulu baze bathuthumela babonakala njengabafileyo.
- Endleleni bathi omunye komunye: “Ingabe ngubani oyakusigingqela itshe, lisuke emnyango wethuna na?” Kwakuyitshe elikhulu kakhulu. Kodwa, lapho befika ethuneni, bashaqeka lapho bebona ukuthi itshe selivele lisusiwe.

● Kuthe bengena ethuneni, babona indoda igqoke ingubo emhlophe qhwa, ihlezi ngakwesokunene, besaba. Kwakuyingelosi. "Ungesabi”, kusho yona. “Ngiyazi ukuthi nifuna uJesu owabethelwa. Wozani nibone!”

● INkosi uJesu ayisalele lapho ibibekwe khona ezinsukwini ezimbili ezedlule! Amanye amashidi ayesongwe ngawo abesabalele-nje lapho, khona-belu nethuna alinalutho.

- Ingelosi yabe isithi: “Hambani masinyane nitshele abafundi baKhe. Uya eGalile ngaphambi kwenu, nizombona khona, njengalokho eshilo kini.” Base bephuma ethuneni baphuthuma, besaba futhi begcwele injabulo, bagijimela ukuyotshela abafundi baKhe.
- Ngokushesha uJesu wahlangana nabo wathi, "Ukuthula makube kinina." Bambona ngokushesha! UJesu wabe esethi ngomusa: “Ningesabi. Hambani niyotshela abafowethu ukuthi baye eGalile, lapho bazongibona khona.” UJesu akazange awasho lawamazwi, lapho enyamalala futhi.

● Abesifazane bajabula kakhulu. UJesu uyaphila! Uthando lukaNkulunkulu lunamandla kunokufa nobubi bomuntu. Ngokujabulisayo, bayashesha ukutshela abafundi izindaba ezinhle.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

● INkosi uJesu yafela izono zethu nangokuvuka kwaYo, yanqoba ukufa nesono ukusindisa isintu ekufeni kwaphakade. Ngenxa yothando lukaNkulunkulu singaba nokuphila okuphakade.

● Izingelosi ziyizithunywa zikaNkulunkulu, namhlanje nathi sinezithunywa zikaNkulunkulu ezifuna ukusikhombisa ikusasa lethu elimangalisayo. Yizikhonzi, izinceku zikaNkulunkulu, ezisisizayo lapho sihamba siyohlangabeza uJesu.

● UJesu Kristu uyaphila, uma sikholwa kuYe futhi simethemba, sizozwa ukuthi usinika kanjani amandla nokuzethemba kuzo zonke izimo. UJesu usinika isibindi namandla. Kepha, lokhu kungenzeka kuphela uma simnika igumbi ezinhliziyweni zethu.

- UJesu usithanda kakhulu, waze wasifela. UJesu ungumngane wethu omkhulu.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe abesifazane baya nini ethuneni lapho uJesu wayelele khona na?
   Impendulo: Ngemuva kweSabatha, ekuseni ngeSonto ekuseni kusemnyama.

2. Ingabe yini abesifazane ababekhathazeke ngayo na?
   Impendulo: Ngubani oyogingqa itshe elikhulu lisuke emnyango wethuna

3. Ingabe babonani lapho befika ethuneni na?
   Impendulo: Itshe lisusiwe

4. Ingabe yimuphi umyalezo ingelosi eyabalethela wona abesifazane na?
   Impendulo: UJesu uyaphila

5. Ingabe bangobani abayizithunywa zikaNkulunkulu namuhla na?
   Impendulo: Abefundisi / IziNceku

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes